

## PHUMLANI GAMA

**U**GABE ngesipiliyoni seminyaka, ehola ezinhlekani ezahlukene uNkk Thembeni Madlopha-Mthethwa osanda kuqokelwa esikhundleni sokuba nguNgqongqoshe woMnyango wezoLimo KwaZulu-Natal.

Uzalwe wakhulelela eJozini. Ungenye wezingane zikaNkk Catherine Madlopha (uMaMyeni) owayekhulisa izingane zakhe ngokulima nokuthunga izimpahla noMnu Makhubalo Madlopha owayedume ngokuthengisa izikhumba nokuba nemfuyo.

UNkk Mthethwa uthi bobabili abazali bakhe babengakaze bawubone umbombo kathisha. Ukukhulela ekhaya elinomthetho kwamqeqeshela ekwenzeni izinto eziningi njengoba nakuba engowesifazane kodwa wakhula elusa izinkomo.

Uthi akuyena yedwa intombazane eyayelusa njengoba ayekhona nawakomakhelwane okwasekwaziwa ukuthi njalo ngoMsombuluko afika emuva kwesikhathi esikoleni ngenxa yokuthi ayesuke eqale ediphini. Uthi ngeke ande kakhulu ngomlando wakhe kodwa akhule nabo bangofakazi ngempilo yakhe engenachashaza lokungcola.

UNkk Mthethwa ohola lo mnyango nge-thikithi le-IFP, ungomunye wongqongqoshe abasha abamenezelwe nguMnu Thami Ntuli onguNdunankulu waKwaZulu-Natal, ngemuva kokuba amaqembu ezombusazwe okuyi-ANC, i-IFP ne-NFP ehlangene, kwakhiwa uhulumeni owodwa. Ungene ezicathulweni zikaMnu Super Zuma obehola lo mnyango nge-thikithi le-ANC.

Engxoxweni ekhethekile naleli phephandaba uveze ukuthi akalona ivukane ebuholini. Uthi ubuholi bakhe baqala ukugqama esafunda eDokolwane Primary School, eJozini lapho ayebamba iqhaza ngokusiza ozakwabo ayefunda nabo uma kunothisha abangekho.

Uthi lokho wayekwenza egugquzelwa yizibongo ayezithola kothisha ababemupha imali yensipho futhi bemkhuthaza ukuba alandele ubizo lwakhe lokuba nguthisha.

#### WAQALA UKUSEBENZELA INKATHA ENGENALWAZI NGAYO

“Ngo-1977 kwasuka izibhelu ezikoleni zaseGoli, kwaholela ekutheni obaba nomalume ababesebenza eGoli babuye nezingane zabangani babo zizofunda ezikoleni zala-pha eKZN. Ngonyaka olandelayo ngangifunda eShayina High School, eManguzi, KwaMhlabuyalingana eseyashintshwa yenziwa ikolishi. Abafundi abafikayo babesigovuzwa, befaka imfundiso ngepolitiki.

“Ngangingomunye owayeyisishabasheki esikhuluma izindaba maqondana namalungelo abafundi. Ngaqala ukuba sezinhlekani zeqembu ngifunda eMangwazana High School, oBonjeni, lapho ngaphothula khona umatikuletsheni.

“Ngaqala ukusebenzela iNkatha ngingaqondi kahle ukuthi iyini ngaphandle kokuthi sasitshelwa ukuthi sifundiswa Ubuntu Botho,” kuchaza yena.

#### KADE AQALA UKUHOLA EZINHLAKENI ZIKAHULUMENI

UNkk Mthethwa owayenguthisha ngokomsebenzi, uthi waqala ukusebenzela umphakathi eyikhansela, ungakabikhona uMasipala wesiFunda uMkhanyakude. Uthi wayeyikhansela likaMasipala uThungulu.

Ubalula izishosho zentuthuko ayesebenza nazo okukhona kuzona uMnu Lawrence Mthombeni owaba yimeya yokuqala kuMasipala wesiFunda uMkhanyakude.

“Ngaqala ukuba yikhansela umasipala usahlangane ubizwa ngokuthi uThungulu. Ngikhumbula nje nangesikhathi kuzoqanjwa igama likaMasipala uMkhanyakude. Sahlangana nabanye abaholi, kwavezwa amagama amaningi okungaqanjwa ngawo umasipala wesifunda.

“Ekugcineni kwaphasiswa iphu-zu likaMnu Ngwegwe Mafuleka waseNgwavuma okunguyena owa-veza umbono wokuthi uqanjwe ngesihlahla uMkhanyakude ngoba sitholakala kubona bonke omasipala abangaphansi kwawo.

“UMthombeni waqokwa waba



NGUNKK Thembeni Madlopha-Mthethwa osanda kuqokelwa esikhundleni sokuba nguNgqongqoshe woMnyango wezoLimo KwaZulu-Natal.

# UNgqongqoshe wezoLimo eKZN uzobuyisa izingadi ezikoleni

## UNkk Madlopha-Mthethwa uthi wakhula elusa kubo



yimeya yaseMkhanyakude, mina ngathunywa ukuba ngiyophatha uMasipala iJozini. Kuningi engakwenza ngisebenzela umphakathi. Ziningi izakhiwo namaphrojekthi akhiwa ngaphansi kobuholi bami,” esho.

#### UYAZIQONDA IZINSELELO AZOBHEKANA NAZO EMNYANGWENI OMUSHA

Uthi ezinsukwini ezimbalwa engenile ehhovisi, kuningi asekuqaphelile.

“Ngingenile nje ehhovisi, kunabantu abangitshela izindaba ngabathile okufanele ngibaqaphele. Abanye banginika imibiko ethile. Konke lokho ngiyakuthatha kodwa kangikufaki ekhanda futhi angikusebenzisi ngoba mina ngingenkolelo yoku-

thi kufanele ngihambele wonke umuntu futhi kufanele ngisebenze nawo wonke umuntu ngoba ngikholelwa ekutheni ngaphambi kokuba umuntu ngibone ububi bakhe, kufanele ngimsize,” kusho yena.

#### UHLELA UKUYOVULA IZINGADI EZIKOLENI AFUNDA KUZONA

Uthi isifiso sakhe esikhulu ngesokuba ezoLimo zibe sesistayeleni njengemfashini, ikakhulukazi kubantu abasha. Uthi lokhu ufuna kugquzelwe ngokuthi kubuyiselwe uhlelo lwaphambilini lwezingadi ezikoleni.

“Eminyakeni yokukhula kwethu sasifunda kubuye kube nezikhathi zokufundiswa ngezolimo. Sasitshala izingadi. Ngokuphelela konyaka kwakuyaye kube mnandi ngisho nakubazali emakhaya sifika nezipinashi, amaklabishi nokunye. Loluhlelo engizoluqala ezikoleni ezintathu engafunda kuzona,” kuphawula uMthethwa.

#### UZONGENELELA EZINKINGENI ZABAHLALA EMAPULAZINI

“Ngizezinhlelweni zokuvakashela bonke abalimi abazimele, ikakhulukazi labo abanezindawo ezihlala abantu. Okwenza ngihlele ukusondela kulezi zindawo wukwanda kwesikhalo sabantu abahlala khona, abayaye bakhale ngokuthi bavaleleka ngaphandle kwezinye zezi-nhlelo zentuthuko okubalwa kuzona ugesi, amanzi nemigwaqo esesimweni esingagculisi.

“Ngingenkolelo yokuthi isifiso sami sizophumelela ngoba ngizokwenza lokhu ngihambisana nongqongqoshe ababili bebala elimhlophe esifakwe nabo kwiKhabhinethi yaKwaZulu-Natal. Angikungabazi ukuthi nabo bazobambisana nathi ukuze abantu abahlala emapulazini bathole ukunakekeleka okuba-

fanele,” esho.

#### UFUNA KUQEDWE UBUGELENGU BEMFUYO

Uthi kuyakhathaza ukwanda kwezigameko zokutholakala kwemfuyo ibulewe maqede kuthathwe inyama okunezinsolo zokuthi ithengiswa ezindaweni ezithengisa inyama. Unxusa amaphoyisa nezinhlelo zezokuphepha ukuba ziqinise isandla emiphakathini nasemigwaqweni yakuleli.

Uthi kufanele bathathelwe izinyathelo zomthetho abantu abatholakala belayishe imfuyo ngaphandle kwezincwadi ezibagunyaza ukwenza lokho. Ukhuthaza nabafuyi ukuba baqinisekise ukuthi impahla yabo ivikelekile ngaso sonke isikhathi.

Uthi lokhu kufanele bakwenze ngokubambisana nabaphathi bamadiphu emfuyo. Uqhuba uthi unezinhlelo ezinkulu ekuthuthukiseni kwabalimi bezitshalo.

“Ngikhuliswe ngokulima nemfuyo ekhaya. Sengikhulile ngisondelane kakhulu neNkosi uMangosuthu Buthelezi engumsunguli we-IFP ebihlala ngokusifundisa ngokubaluleka kokuzakha nokuzenzela,” kusho uNkk Mthethwa.

phumla-  
ni@ilanga-  
news.  
co.za

**Ngaqala ukusebenzela iNkatha ngingakaqondi kahle ukuthi iyini ngaphandle kokuthi sasitshelwa ukuthi sifundiswa Ubuntu Botho....**